

# Qinisa Izinkolelo Zakho: Ubumsulwa

IBhayibheli lithi: “Nidede ebufebeni.” (1 Thesalonika 4:3) Qinisa ukukholelwa kwakho ekutheni umthetho kaNkulunkulu usiza wena, ngokucabanga ngemiphumela.



Ingabe umthetho kaNkulunkulu uqine kakhulu?

Kungani uNkulunkulu enqabela abantu abangashadile ukuba benze into engase ijabulise?



Manje cabanga ngezimo ezilandelayo . . .

ISIMO 1

## IMIZWA

ISIMO 2

## INGCINDEZI

ISIMO 3

## ITHUBA

ISIMO 4

## IMIPHUMELA

Intsha eningi eya ocansini ngaphambi komshado, iyazisola kamuva. **Ucabanga ukuthi kwenziwa yini lokho?**

---



---

Eqinisweni, amantombazane amaningi angathanda umfana ozowavikela, hhayi ozodlala ngawo. Futhi abafana abaningi abayithandisisi intombazane ewuthathekile. **Ucabanga ukuthi kwenziwa yini lokho?**

---



---

# KUBHALE PHANSI!

Phendula imibuzo elandelayo.



ISIMO 1

## IMIZWA

Kungani imizwa yocansi kungafanele ibhekwe "njengesitha" ngaso sonke isikhathi?—Funda izAga 5: 18, 19.

Ingabe imizwa yocansi iwukuphela kwemizwa oba nayo? (Imiphi eminye eba khona.)

Ingabe wenza ngokuvumelana nayo yonke imizwa ekufikelayo?

YEBO      CHA

Ingabe ukholelwa ukuthi imizwa yakho yocansi ilawulwa nguwe ngempela?

YEBO      CHA

Njengoba uNkulunkulu, owadala izifiso zocansi ethi kumelwe uhlakulele ukuzithiba, ucabanga ukuthi kumelwe ukuba ukwethemba kangakanani?—Funda eyoku-1 Thesalonika 4:4.

Ucabanga ukuthi kungani abanye bebagcona labo abazigcina bemsulwa?

Kungani abanye ontanga yakho bengase bakucindezele ukuba uye ocansini?

Kufanele ubabheke kanjani labo abakucindezela ukuba wephule umthetho kaNkulunkulu?—Funda izAga 13:20.



ISIMO 2

## INGCINDEZI

ISIMO 3

## ITHUBA

Yibaphi abantu, izindawo, noma izimo okungaba kuhle ukuthi uzigweme ukuze ungalingeki ukuba uye ocansini ungakashadi?





Mancane amathuba okuba abantu abahambe belala nje, bashintshe imikhuba yabo ngenxa nje yokuthi sebeshadile. Lokho kusigcizelela kanjani isidingo sokuzithiba ocansini ungakashadi?—Funda eyabaseGalathiya 6:7, 8.

Ngokombono wakho, yiziphi izinzuzo oyozithola ngokuba msulwa kuze kube yilapho ushada?

Ingabe ukukholelwa ngempela ukuthi ukulalela umyalo kaNkulunkulu wokugwema ukuya ocansini ngaphambi komshado kuyokwenza ujabule kakhulu, kunokulandela indlela yokuphila yontanga yakho “yokutamasa”? Uma kunjalo, kungani?

## YAKHA ICEBO

### ISIMO 1—IMIZWA

Uma ngizizwa ngilingeka, ngizokwenza lokhu okulandelayo:

### ISIMO 2—INGCINDEZI

Uma ontanga yami behlekisa ngokuzigcina kwami ngimsulwa noma bengicindezela ukuba ngiye ocansini, ngizothi:

### ISIMO 3—ITHUBA

Uma ngizithola ngisesimweni esinginika ithuba lokuya ocansini, ngizokwenza lokhu okulandelayo:

## UNGAPHUMELELA !

Uma uqinisa izinkolelo zakho manje, ungenza isinqumo esifanele, ngisho nangaphansi kwengcindezi!